



IZIQHUMANE

IMIGOMO NEMIBANDELA YAKWA SPCA

Issued by the

NATIONAL COUNCIL OF SPCAs

PO Box 1320, ALBERTON 1450
Telephone: (011) 907-3590
Fax: (011) 907-4013
E-mail: nspca@nspca.co.za
Website: www.nspca.co.za

**"Izilwane ziyingxenye enhle yendalo.
Zinqike ebantwini ukuze zinakekelwe ngobubele.
Njengoba siqhubeka njenge Ningizimu Afrika
entsha, masingalibali ukuthi izinja ziyinxenye
yomphakathi futhi kuwumsebenzi wethu ukuthi
sizinakekele ngokukhethekile."**

*Derek Hanekom, Minister of Land Affairs & Agriculture,
South Africa 1996 (foreword to Heroes Lionhearts)*

Amakati nezinja zikwazi ukuzwa umsindookude nomncane ukwedlula abantu. Indlela yokubala umsindo ibizwa ngama Hertz (hz) ngakho indlela yabantu nezilwane inje:

ABANTU: 20 Hz – 23 KHz
IZINJA: 60 Hz – 45 KHz
AMAKATI: 45 Hz – 64 KHz

Ukukucacisela kabanzana nje 64hz (umsindo omncane ozwakala enjeni) umsindo ongu 64khz uzwakala umsindo omkhulu kubantu yingakho izinja namakati zizwa uma ushaya umlozi. Umsindo ubamkhulu kakhulu kuzo, futhi usezingeni lwazo lokuzwa

Izinja namakati futhi zizwa masinya emsindweni ophansi kakhulu obizwa ngama Decibels (db). Izinja zizwa kasihlanu kunomuntu amakati wona ezwa ngokuphindwe kabili kunezinja. Njenge HZ ne DB umsindo uphindaphindwa kaningiizikhathi ezingaba sekhulwini. Umfanekiso ikhwela lingenza u30db futhi inja ingezwa lowo msindo ikude kakhulu. Yingakho izinja, namakati ziwusaba umsindo. weziqhumane, ozwakala kanconywana kubantu kepha ezinjani uzwakala kakhulu.

(Dr M.E. de Vries(BVSc))

UMTHETHO NGEZIQHUMANE NO26 OF 1956

Lowo mthetho ubhekiswe kuwo wonke umuntu kuzwelonke.

Akukho emthethweni ukuqhumisa iziqhumane emphakathini noma esakhiweni, noma lapho kuhlangukhona khona umphakathi ezindaweni zokuphumula ngaphandle kokuthola imvume kubaphathi. (isigaba10.34)

Isigaba (10:35) sichaza ukuqhunyiswa kweziqhumane emphakathi, futhi kuchaza ngokusobala ukuthi akumele ziqhunyiswe ngaphandle kwemvume ngoba uma wenza njalo uzobe wephule umthetho.

MALUNGANA NEMITHETHO YEZIQHUMISI, akekho umuntu ovunyelwe ukunika ingane engaphansi kweminyaka ewu16 ukuthi asebenzise iziqhumane ngaphandle kokubhekwa umuntu omdala.

Lomthetho unikwe ilungelo ngabophiko lwamaphoyisa aseNingizimu ne Afrika (SAPS), akusiwo owabakwa SPCA. Uyacelwa ukuthi wazise amaphoyisa aseduze uwanike yonke imininingwane, futhi usho nesigaba somthetho negama lawo.

UKUNGANAKI LOMTHETHO KUYICALA NESIGWEBO SIKHULU UNGESABI UKUSHO UMA UBONA ABAPHULA LOMTHETHO

IZIQHUMANE EZINDAWENI EZIKHETHEKILE

Sikhuluma ngamakhaya kanye neziqhumane ezithengwe ezitolo. Ukuthi kulungile noma qha ukuzisebenzisa emakhaya kulawulwa umthetho sisekelo waleyo ndawo. Kwezinye izindawo azivunyelwe iziqhumane ngaphandle kwemvume. Kwezinye izindawo zivumelekile ukuqhunyiswa ngamalanga athize futhi ezindlini zabantu.

Uyacelwa ukuthi ubheke umthetho sisekelo we ndawo ohlala kuyo.

Omasipala bayihlaziyile imigomo nemibandela uma kukhulunywa ngeziqhumane. Abakwa SPCA abaseduze nawe bangazi kabanzi.

Kwezinye izindawo kuwukwaphula umthetho ukushaya iziqhumane ngenxa yomsindo. Kubalulekile ukuthi ubuzisise.

Futhi kuyasiza ukubika uma kunokusolayo. Khuluma nomphathi wendawo ikhansela noma amaphoyisa aseduze.

UKUTHENGISWA KWEZIQHUMANE

Lokhu kungena ngaphansi komthetho weziqhubumbisi futhi ukuthengisa kuqaphiwe

Akuvunyelwe ukuthengiswa kweziqhumisi (kwabadayisa emgwaqeni noma endaweni evulekile. Akuvumelekile nokukhangisa ngeziqhumane futhi kumele kubikwe kwabomthetho SAPS ngokuphazima kweso.

Ukuvumelana nemigomo nemibandela, okungenza ingozi ekukhangiseni kokuthengisa emgaqweni.

Noma yimuphi umuntu othengisa lezoziqhumane kumele athole imvume ebuya kumhloli omkhulu womnyango wezokuvikela. Leyomvume ngeke uyidlulisele komunye. Onaleyomvume yesitolo angeke asuke ayothengisa ebaleni noma egwaqeni ngoba egabise ukuthi yena unemvume. Ungakhohliswa imvume ebhekiswe endaweni yakho noma esitolo sakho.

Iziqhumane azivunyelwe ukubekwa emafasiteleni noma lapho kulula ukuthintwa umpakathi. Lokho kusho ukuthi iziqhumane ezisesitolo esinemvume kumele zihlale ngaphansi noma ekhabethe elikhoyiwe. Kuyicala ukubeka iziqhumane lapho umuntu angazithatha noma kanjani ngaphandle kokunikwa, futhi nokusifaka kubhaskidi noma enqoleni. Uma ubona iziqhumane zibekwe obala ngendlela engemthetho –bika!

Kunomthetho oqinile oqinisekisa ngezexwayiso (umzekelo- akubhenywa) kumele kube nendawo yokuphuma evulekile l eduze nalapho kuhleli khona iziqhumane. Umthetho ukubeka ngokusobala ukuthi uma umthengisi enendawo eyodwa yokuphuma kumele ivuleke neziqhumane zihlale ngasemnyango.

INDLELA YOKUBEKA

lokhu kubaluleke kakhulu futhi kuyakhohlweka. Imibiko ithi iziqhumane ziyathengiswa ezitolo ezincane zasemalokishini pheqezezi (tuck shops), futhi zikhishiwe emaphaketheni azo, ziyafana nje nogwayi othengiswa ngawodwana. Iziqhumane kumele zibhalwe, zibekwe kahle futhi kulandelwe imigomo.

Iziqhumane kumele zihlale emaphaketheni ezize ngawo futhi anemithetho yakhona ebhalilwe. Kuyicala ngokomthetho weziqhumane ukususwa kwamaphepha azo noma ukubekwa kuthikameziseke. Uma ubona iziqhumane ezisuswe amaphepha ezize ngawo kumele ubike.

Ungasindisa imiphfumulo eminingi nokulimala.

INDLELA YOKUBEKA IZIQHUMANE (NOKUKHANGISA)

Inhlango yabakwa SPCA ithi kungcono ukushaywa kweziqhumane okuhleliwe kunaloko okwenziwa nje. Kodwa lokho akusho ukuthi nakho lokho okuhlelekile kuyahambisana nemigomo ye SPCA noma evunyiwe. Futhi sebezobonile ukuthi ezikhathini eziningi akwenzakali ngendlela efanele futhi kuthathwe ngezindlela ezingafani. Lesi esinye isibonelo esishiwo ngabakwa SPCA, kungaba semthethweni kodwa ungesabi ukwazisa izikhulu (ngama phephandaba, izitolo noma usihlalo womphakathi kanye nomphakathi) ozophazanyiswa yizo iziqhumane ezihleliwe.

Ungalinge ungabaze imizwa yomphakathi. futhi kumele ukwenze ngesikhathi. Uma ngabe umcimbi walonyaka ukuphazamisile, kumele wazise labo abaphethe ngaphambi kokuhlelela umcimbi ozayo. Iba nomqondo ovulekile futhi usho ukuthi uzobaxhasa uma bengayekela iziqhumane ngokuzayo.

IZILWANE ZAKHO

Asikubeki emuva kodwa sesikhathale ukutshela abantu abanezilwane ezihlukumezekile ukuthi bazinakekele kanjani. Kanti ngabe sitshela izilima ezephula umthetho futhi kumele sivuke sizimele. Incwajana yokuphatha izilwane iyalandela:-

- Faka zonke izilwane uphawu
- Uma kwenzeka hlala nazo ekhaya uma usola ukuthi kuzoba neziqhumane
- Uma ungeke ubekhona ungazivalela endlini endaweni enjenge khishi lapho amafasitela akude (futhi kuzoba nzima ukuthi zeqe zibaleke)
- Ungazama ukudlala umculo opholile noma uvale amakhethini
- Beka izinto ezijwayelekile noma ubhaskidi
- Zininke izinto ezifana namathambo ahlafunekayo noma izinto zokudlala
- Uma isilwane sakho siphazamiseka ngomsindo khuluma nodokotela wezilwane umcacisele
- Uma upha isilwane sakho ukudla okusuthisayo futhi okunomsoco kungenza ukuthi silale kahle

WE PRINT ON RECYCLED PAPER – DO YOU?
